NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2025

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Leli phepha linamakhasi ayi-9. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

N12ZULF-2-E

IEB Copyright © 2025

ISIQEPHU A *IQONDE KUPHI LE NDLELA* – SIKHUMBUZO XABA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3, no-4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo: ulwazi lwendaba
  – ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
  – ukubhala inani lamagama
  – isipelingi esihle
  – ulimi oluhle

UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe emdlalweni. Phendula imibuzo engezansi.

Zama:	(Ecasuka.) Kanti wena uyini noMzwakhe?
Nomonde:	Uma ufuna ukwazi ngizokutshela. UMzwakhe yisoka lami.
Zama:	Kanti uzokweyisa **mjendevu** ndini! Ake ungilinde kancane nje yikhona ngizokufundisa abantu.

[Sicashunwe enkundleni 4, esigcawini 6, ekhasini 106]

1.1 Umjendevu igama elichaza umuntu wesifazane …

A omdala kakhulu kodwa oshadile.
B osemusha kodwa ongashadile.
C osemdala kakhulu kodwa ongashadile. (1)

1.2 Wayehlala kuphi uNomonde? (1)

1.3 Yini eyayithukuthelisa uZama? (1)

1.4 Baqala kanjani ubudlelwano bukaNomonde noMzwakhe? (2)

1.5 Ungumuntu onjani uNomonde? Chaza kafishane. (2)

1.6 Funda amazwi angezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

"Engikwaziyo nje ukuthi oqonywe uZama uqonywe yiliba."

[Acashunwe enkundleni 5, esigcawini 16, ekhasini 173]

1.6.1 Lawa mazwi ashiwo nguMzwakhe amveza njengomuntu onjani? Chaza kafishane ubhekise endabeni yonke. (3)

1.6.2 Yisiphi isifundo osifundile ngempilo kaMzwakhe kulo mdlalo? Ungasisebenzisa kanjani empilweni yakho? (3)

Ulimi (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[15]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 2

Funda okulandelayo bese uphendula imibuzo. Phendula ngokubhala amagama aphakathi **kwayi-100 kuya kwayi-120**.

Indikimba egqame kakhulu kulo mdlalo **wubugebengu**. Kunabalingiswa abaphila ngokwenza ubugebengu ukuze babe namandla. Sibona abantu besebenzisa abanye abantu ezenzweni zobugebengu. Bhala uchaze kafushane ngale ndikimba.

Sebenzisa okulandelayo ukuchaza ngendikimba yobugebengu.

2.1 Bhala amagama abalingiswa ababili kanye nobugebengu ababenzayo. Oyedwa wesilisa noyedwa wesifazane. (4)

2.2 Chaza ukuthi babasebenzisa kanjani abanye abalingiswa. (2)

2.3 Amaphoyisa adlala yiphi indima (*role*) ezenzweni zobugebengu kulo mdlalo? (3)

2.4 Ubugebengu kulo mdlalo bubathinta kanjani abanye abalingiswa? Nika izibonelo zibe mbili.

***Isibonelo*:** Umlingiswa othintekayo kanye nendlela athinteka ngayo. (4)

Ulimi nohlelo (1)
Inani nokulibhala (1)
[15]

UMBUZO 3

Bhala **ingxoxo** ezoba ngamagama **ayi-130 kuya kwayi-150**.

Sekuphele amasonto amabili uMzwakhe ethole isigwebo (*sentence*) samacala obugebengu abewenza noKK. Ubhuti Mandla uvakashele uMzwakhe ejele. Bhala **ingxoxo** phakathi kukaMzwakhe nobhuti Mandla.



[Isithombe sibolekwe kwi-inthanethi]

Engxoxweni yakho kumele kugqame okulandelayo:

- Izizathu zikaMzwakhe zokuqhubeka nobugebengu emva kokusebenza eKapa.
- Impilo kaMzwakhe yangaphakathi ejele.
- Ubudlelwane bukaMzwakhe nomndeni wakhe kanye nengane yakhe.
- Izeluleko zikaMandla kuMzwakhe njengoba esejele.

Ukwabiwa kwamamaki:

Ingqikithi (okusendabeni = 7 okwakho = 3)	(10)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(2)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[15]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 4

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo ngezigaba. Phendula ngamagama asukela **kwayi-180 kuya kwangama-200**.

Abantu besifazane emdlalweni bangenza noma yini empilweni ukuze bathole impilo engcono / imali / uthando / namandla. Lokhu siyakubona nasempilweni esiyiphilayo kanye nasemidlalweni kumabonakude.





[Izithombe zibolekwe kwi-inthanethi]

Empendulweni yakho bhala ngalokhu:

Isingeniso

- Veza umbono wakho ngesitatimende esingenhla. (3)

Umzimba

- Bhala ngabantu besifazane **ababili** abakulo mdlalo othi *Iqonde Kuphi Le Ndlela* nezinto abazenzayo ukuze bathole impilo engcono / imali / uthando / namandla. (6)
- Yimiphi imiphumela yezenzo zabantu besifazane emdlalweni othi *Iqonde Kuphi Le Ndlela*? (4)
- Qhathanisa izibonelo ngokusebenzisa osaziwayo, kungaba ngabalingisi kumabonakude noma abatholakala kweminye imibhalo ehlukahlukene kanye nezenzo zabalingiswa obakhethile. (4)

Isiphetho

- Bhala izeluleko ongazinika laba bantu besifazane. (4)

Uhlelo nolimi (2)
Isakhiwo (1)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[25]

Amamaki angama-70

IEB Copyright © 2025

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  – Isakhiwo esifanele
  – Ithoni nerejista efanele
  – Ulimi oluhle
  – Isipelingi esihle
  – Ingqikithi enhle
  – Ikhono lokuziqambela
  – Ukubhala inani lamagama

UMBUZO 5

Phendula **uMbuzo 5.1** NOMA **uMbuzo 5.2**. Bhala amagama **ayi-150 kuya kwayi-180**.

5.1 **Amaminithi**

Wena ungunobhala womkhandlu wabafundi i*SRC*. Sebenzisa i-ajenda engezansi ukubhala amaminithi omhlangano wenu wokugcina njengabafundi baka-*matric*.

Izindaba ezintsha

- Ukucima konga kukagesi ngesikhathi sokubhalwa kwezivivinyo zokuhlolwa phakathi nonyaka noma ekupheleni konyaka. (3)
- Izinkinga zokuphela kwamanzi ngesikhathi sokuhlolwa. (3)
- Ukuvalelisa abafundi bakwa-*Matric.* (2)
- Isipho abafundi bakwa-*Matric* abafisa ukusinika isikole. (2)
- Izindlela zokuxhasa abafundi bakwa*Matric* ukuze bakwazi ukuthenga lesi sipho. (2)

Isakhiwo (5)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

NOMA

IEB Copyright © 2025

5.2 **Incwadi Yomthetho**



[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

KwaSolly isitolo sezemidlalo
124 Gembok Avenue, Lenasia
Lenasia Ext 1 1838.48 KM

Bhalela isitolo esingenhla ucele uxhaso (*sponsorship)* ukuze nitholele isikole esihlwempu (*disadvantaged)* izimpahla zemidlalo.

Encwadini yakho faka okulandelayo:

- Igama lesikole nesizathu sokusicelela uxhaso leso sikole. (4)
- Kuzosiza ngani ukuthi nithole lezo zimpahla. (2)
- Uhlobo lwezimpahla ezidingekayo. (4)
- Okunye. (2)

Isakhiwo (5)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
[20]

IEB Copyright © 2025

UMBUZO 6

Khetha **umbuzo owodwa** phakathi kwa-6.1 no 6.2 bese uphendula ngokubhala amagama **angama-80 kuya kwayi-100**.

6.1 Imenyu



[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

Wena ukhethwe ukuba ungenele lo mncintiswano lapho kuzofika isivakashi sizodla ukudla kwakho. Uma isivakashi sikuthandile ukudla kwakho uzowina imali.

Bhala imenyu yesidlo (*menu*) ozosilungiselela isivakashi sakho. Khetha okukodwa ozokupheka uchaze ukuthi kwenziwa kanjani.

Ukwabiwa kwamamaki:

Ingqikithi	(6)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(1)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[10]

NOMA

IEB Copyright © 2025

6.2 **Umlando kamufi**

Kushone umalume wakho obenguthisha womculo ezikoleni eziningi. Umalume wakho uke wabaseqenjini le-*Jazz* ebelidume kakhulu. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando kamufi ozosetshenziswa ngelanga lesikhumbuzo sakhe.



[Isithombe sithathwe kwi-inthanethi]

Ukwabiwa kwamamaki:

Ingqikithi	(6)
Isakhiwo	(2)
Ulimi nohlelo	(1)
Inani lamagama nokulibhala	(1)
	[10]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2025